706 (43)

K13/21 F. Vilakazi

1–46*

F. Vilakazi

PP. 1–46 706 (43) JUN 14 1946 K13/21

(1) Izibongo zebasi.

Miscellaneous data about flora, birds, first fruits, calendar

ind. 18 pp. £1-14-0

1. Pò! Pò! Pò!
Wew! Wew! Wew!
Hamba bazabaza,
Hamba nibambathini,
Hamba bungane lomgwago.
Mbizembelwe yehlekeni.
Umkhovu kanina wMkhabela,
Indumduma,
Eduma elizweni.

2. Iduma phezulu ebabanango,
Yaduma phansi kwe Nhlazatshe,
Yaduma ngombongo yehla entini
Kwashunga intuthu eluhlaza.
Mbimbimbi i-i nyathela wili,
Siyahamba mfanomhungu.
Imali eyabelungu,
Imali eyendlela;
Sala kefika;
Sala nomafa.

3. Hutuluza nomahululiza,
Nzimbi yabelungu,
Bathathe uhambe nabo,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/21

(2) Abagoqa ugwayi ngamaphepha,
Ubayise khona le,
Kwa mzilikazi,
Kwandongaziyaduma,
Wayenza indaba Teba.
4. Hamba sisusimankumbu,
Bucunambadi ngokuthatha,
Izingane zakanu.
Hamba nyonikajiphumuli,
Ndlela kazigedwa.
Phumuza akantu amaphika,
Bengazange kakubone
Ukuhamba kesendlini,
Behamba ngezingge,
Behamba behlezi.
5. Ngingamuka imiyovu nezinyosi
Zimulume zimfake elwandle
Angase axoshe abelungu
Abasibonisa ukuhamba sihlezi.
6. Nivuzwile lowombongo
Wendlovu ebomvu,
Ebonga ubusuku nemini,
Ngamula amahlanze nezifunda,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

3 K13/21 706

(3) Igcakela emagqeleni,
Iqhamuke Emadilobeni ngombongo,
Yaze yayokhwela phezulu emaggumaneni
4. Ningayingandi;
Ayidli mabele,
Ephuza ubusi kwaze meliba.
Ingola yomlilo,
Ingola yomdya.
Phuma ehlanzeni ngabayembube,
nawo Gogiphepha wohlalahlala,
Waza ulandele.
Phuma ezimobeni kasoviyiza,
bayakubiza emabilidini.
8. Hamba mathuthu ebuyelela,
mgodi kawugcwalt,
Hamba nomba ugce Ngilandi.
Hamba nhlabana ntshalantshala,
Ihulubeza nkalankala,
Mathumba ukhandempemvu,
Waye wamulahla kanozidlidli,
Ezintabeni ezimhlophe,
Ingcugce yasala igugela ezinsisheni:
Hamba mbizimbelwe,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

4

706 K13/21

(4) Imbambathow, bazabaza.
Ibengane lonqwago.

Izinyoni

(Uve) kenyoni enezimpaphe ezinhle ka khulu. Kuye kuthi uma abantu beyiso sha inelukahlathala inqume izimpaphe zayo zeisisila ngoba iyazi ukuthi izingelwa nje kupunuwa zona. Izimpaphe zihlonywa izicoweni zamakhosi.

(Igwalagwala) kimpaphe zamaphiko alo zazihlonywa ngabamunzane kuphela.

(Inkankane) kungala walo welapha abantu abaphethwe umgala.

(Isakabuli) Izimpaphe zalo zenziwa izidlodlo ezifakwa yizintombi ekhanda nza igcagca-nomyeni usina ngazo lezi zimpaphe nxa egcagcelwa.

(Isiphungumangati) kenyoni inophondo ekhanda; ihlala ingehuza. Abafana ni ma belahlekelwe izinkomo babeburza ku yona.

(Uzavolo) kenyoni izinyanga ziyayifuna kakhulu ukuwelapha ngayo, inhliziyo yayo

(5)
Ifumaniswa emahlathi amakhulu impela.

(Umenzela) kenyoni ifumaniswa ema zaphozini. Ukhekisa ikhanda njalo ingathi iyozela. Ayidliwa abafana i dliwa izalukazi kuphela.

(Ihlokohloko) Amahlokohloko ahamba ngamaningi kenyanga zelapha nga wo ufufunyane kanti futhi aba ntu balayana ngalo.

(Ilanda) kenyoni inosizo olukhulu ngokudla umkhaza ezinkomeni. No kulumeni uyamazisa kenyoni ngoku dla umkhaza.

(Igola) kenyoni iphila ngokudla ezi nye izinyoni kanti ikwele esibayeni ibika ukuthi izinkomo zizawu kwelwazonke.

(Ingomfi). kena inyoni yamasoka uma ivuke phambikwakho yagiya isho ukuthi indlela yakho yinhle uzophumelela. Inhlizivo zayo yalo iwu muthi wokuphonsa izintombi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(Umvemve) kenyoni ithanda ukuhla la ekhaya nase zibayeni Iyabingelela na. Incisila esinyahaza njalo.

(Unkombose) kenyoni ifana namajuba ~~kwa~~ kodwa yona incane kunejuba. Iwamise ukufumaniswa emabaleni njengo mvemve.

(Umadidwazibunu) kenyoni uma icula i thi madidwazibunu. Ifumaniswa e matsheni, incane.

(Ithekwane) uthekwane inyoni yezulu uma endize iwadabula ekhaya u biha izulu. Nesikangofuthi uyasiba ka uthekwane uma ehlale phezukwe ndlu.

(Umvenyane) kenyoni ingangongcede. Ihlala emthalini emifuleni. Iyavika kakhulu uma abafana bezingela a kulula ukuyishaya ngesagile. Iyasheba a ukudinwa. Incisila eside.

(Ungogo) kenyoni ingange eagwaca. Ayi khwazi ukundiza kakhulu, ikwazi u kushosha phansi, icasho otshanini.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(Isagwaca). Kenyoni injengo ngogo ayi kwazi ukundiza kakhulu ikwazi ukushosha phansi nokucasha otshanini ikupundile kakhulu impela.

(Ungcede) kenyoni incane kunazozonke izinyoni, futhi ishlakaniphile ngaphezu kwezinye. Kalela ngetu yayo ibhe phezulu ipundile ukucasha otshanini.

(Igedezi) kenyoni ingango ngcede yona inenyama. Igedezi linomlomo obomvu llendoda. Abafana bayalikulezela balisla ye selilele umalizalele.

(Isikulukulu) kenyoni iyalalisiwa nayo injengo (Igedezi) ishaywe. Ifana nengonyi kodwa yona incane.

(Inyjekejeke) kenyoni ipumanisiwa otshanini abukhulu. Iyakwazi ukucasha otshanini, ayikwazi ukundiza kakhulu. Yinkulu kunesagwaca.

(Istitihoye) Izinyanga ziloya ngalo, kanti futhi zelapha ngalo ufuyanye kodwa izalikazi. Kenyoni ipumanisiwa e magcekeni.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(Igegane) Kenyoni ayivamile u Klibonakala itholakala ngesikhathi sasebusika izinkomo zidla amahlanga.
(Umtoli) Kenyoni itholakala ezinkangala imesigovana enkloko esibomvu. Inkloko ngaphansi.
(Umncelu) Kenyoni itholakala izinkangala ifase nengomi kodwa yona ayina so isifuba esibomvu.
(Isigwo) Kenyoni abantu baloyana ngayo. Isigwo somfazi sinjengomfenyane e sendoda sibomvu izinyanga zelapha sona ukuba sivunte izinyoni zingadli amabele.
(Izintaki) Izintaki zikamba nesakabuli zidla amabele.
(Ukhele) Kenyoni idla amachwane ezinkuthu kanti nezinye izinyoni izazidla.
(Isikhova) Kenyoni ilala emini idla amagudwane ebusuku. Abantu ba loyana ngayo. Isikhova zinhlobo mbili Inkovana nesikhova. Kwelukeni ngokubala.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(Igwababa) lenyoni iminyama, idla umbila amanye adla namachwane nawo awafani, kukhona amhlophe i zifaba, amanye ammyamnau. Abantu bathi linekhibzlo lokwenza umuthi a ngaboshwa. Zinyanga ziyalpuna ka khulu.

(Isema) lezinyoni zinkulu zidla umbila, ziyadliwa futhi. zinombala olithuthuwa nomhlophe.

(Uwamba) lezinyoni zifana namagwa ygwayi zidla umgundakhani. Zinosizo. Zikhamba ngomhlambi. zibona kala ehlobo.

(Amagwayigwayi) lezinyoni zibona kala ebusika, zidla umkhaza ezinkomeni. ziyadliwa.

(Insingizi) zinkulu lezizinyoni zidla izinyoka. Zimmyama zibonwu ngama khanda. zibika nokuna kwezulu.

(Izindwa) Azivamile ukubona zizwa kala ngokukhala phezulu. Umazikhala zibika ukuthi lizokuna izulu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(Amahlolamvula) Abonakala ehlobo, ezwakala ehhala phezulu umalizokuma izulu.

(Izinhonjane) Zizalela ezindongeni zibonakala ehlobo nazo zingangavo, amahlola imvula.

(Umgothoviya) Kezinyoni zibonakala ehlobo, zidla izintethe, zinhlulu zingangamaseme.

(Agilonko) Kenyoni inentamo ende, nayo ingango ingothoviya. Yona idla izinyoni. Ibonakala kala ngaponte isikhathi.

(Inkolentsheni) Kenyoni imnyama ihlala emathemu izalela othangweni, kwamatshe nase zindongeni.

(Umndwoza) Kenyoni ivamchakhulu ezihlahleni. Izalela ezihlahleni futhi.

(Amavukuthu) amavukuthu afuma niswa emahlathini lapho ezalelakhona. Ampunga ngokumnyama kumamajuba. Adla umbila namabele.

(Amajuba) Angagamavukuthu adla umbila bele. Ayafuywa futhi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(Ukhozi) kenyoni idla amazinyane nezinhukhu esezinhulu. Amazinyane ezimbuzi.

(Ingidama) kena mnyoni yamakhosi ayibonwa. Ziyanga zijizingela emkhlathini Amnubyana kaplo kungahambi muntu. Kwelashwa ngayo amakhosi. Ishala ngemkhloko umlenze ~~oplub~~ ubeke phezulu.

(Inhlava) kenyoni ibizelana izinyosi. Yenzela yikhona nawe uzoyishiyela ikhekheba. Ifumanjawa emkhlathini emahlanzeni kakwande khona izinyosi.

(Inggunggulu) kenyoni yayihlola impi kwa zulu. Uma ikhezwakala impi yayiphakwa. kenyoni idla umudidiwa madoda afileyo. Ingango khozi.

(Umkholwane) kenyoni ihlala emaweni, inomlomo obomvu imnyama.

(Inkanku) kenyoni idla amacimbi ohwe dulelisa ezihlahleni. Imnyama imhlophe ngaphansi namphiko ayo.

(Ufuhwe) kenyoni ifumaniswa emkhlathini. Izinyanga zelaphi ngayo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(Lhwezi) Lenyoni ibuhlaza inamehlo abomvu ifumaniswa emahlathini nayo.

(Isomi) Lenyoni ibuhlaza inezimpikho ezibuhlaza zibomvu ekugcineni. Ifumaniswa emahlanzeni.

(Ithendele) Lenyoni ayihwazi ubundi za hahlulu, ihwazi ukuhoshaphansi nokucasha. Ingange ~~ko~~ zogo lenhlulu.

(Unohemu) Lenyoni ithanda emacibini. Izibuka amanzini.

(Ipizigozigo) Lenyoni inyoni yezulu umididuma ~~ko~~ indizela phezulu. Ihhala nje ngowuntwana. Izinsiba zayo ziyahlobisa eziggokweni zamakhosi. Ziyanga zelapha ngayo.

(Inswempe) Lenyoni ithola kala emahlanzeni. Abantu bayayihlinba ba thakathe ngayo.

(Imdlambiba) Lenyoni idla izimbiba namxogo ezinhlulu namagundwane. Ifumaniswa emahlathini.

(Isihuhwa) Lenyoni idla amagundane nje ngezi khova.

(Incuncu) kenyoni ikuhlaza inezinsiba ezinjengeze pigogo. Zinsizwa zihloba ngaze nezintombi. (Izibongozayo)
1 Incuncu epluza kwezinde izizibo
Ingapluza kwempisha igundeka umulomo
Nonzwenzwe wamanzi.

(Umbalane) kezinyoni zidla kahkulu amabele. Zifumaniswa zinkangala.
(Izibongozayo) 1. Akumabele intilintili,
Akumabele intilintili,
ngidle kwamu kunye
Inhlziyo yami yathi tikili.

(Umbangaghwa) kenyoni ikhala ebusuku. Izinyanga zabathakathi baloya ngayo.

(Ilulwane) kenyoni inyenge gundane, i diza ebusuku.

(Umabengwane) kenyoni inyoni yabathakathi nezinyanga ifumaniswa emahlanzeni.

(Udoye) kenyoni idla izinyoka, ingangi ngilonko, inentamo ende.

(Ujojoka) kenyoni enjenge sakabuli. Izi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

mphaphe zayo zenza iziggoza zezi nsizwa nezintombi. Kenyoni imnyama ifumaniswa emahlazeni.

(Impangele) kena inyoni efuywa inophe no enhloko. Inamajubana amakhulu ajikwazi ukundiza kakhulu.

(Isigophamithi) kenyoni ifumaniswa emahlathini ~~illa~~ imithi. umbala wayo injenge gola.

(Unhlogile) kenyoni abonakala kuphela ukwethwasa kwehlobo.

(Inge) kenyoni inosizo ngoba idla zoke izinto ezifileyo njengamahashi nezinkomo nabantu. Into noma ingakaji amaage ashaya izimpethu ize ife.

(Intinginono) kenyoni ifana nogilonko intanno ende idla izinyoka. Incosi la esenjenge seglude. Inezinsiba ezimba le.

(Indlazi) Indlazi inyoni encosila eside kimpaphe zayo zihloba ngazo nezi nsizwa nezintombi.

(Umtshivoo) kenyoni incosila esde

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

nayo. Izimpaphe zayo zihloba izi
nsizwa nezintombi zimaseziyumu
lile. Ulala emini wona udla amagusane.
(Iphothwe) kenyoni ifumaniswa ema
hlanzeni inesighovana ehhanda.
(Isikhwehle) kenyoni ifumaniswa e
mahlathini ifana nethedele yona
kodwa ijahwazi ukundiza
(Unozalingwenya) kenyoni kwelasi
nhla kuthiwa (ugilonko) kwelasi
nzansi kuthiwa unozalingwenya.
kenyoni idla izinyoka.
(Ibholoni) kenyoni ifumaniswa
emahlanzeni. Izinsizwa zelapha
na ngayo umazifuna ubulawu.
(Inwincwi) kenyoni incane enomlo
mo omude, ihhanda emacibini.
(Intiyane) Izinyoni ezincane eziha
mba umumshungu. Umazahhela
zakha izindlu ezimbili, eyendoda
nomfazi ngaphansi kweyendoda.
(Intengu) Inyoni enolakha ihlala e
mahweni yehlula ukhozi ngokulwa
kanti incane.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(Igomongo) kenyoni ithi uma ikhanda ithi ntiniri, bese ithi gobongo ngekhanda ihlabephansi ngomlomo, kande ivuse ikhanda futhi.

(Ihlalanyathi) kenyoni ibonwe ngomlomo. zidla umkhaza ezinkomeni. Inuzumba wazo ulithuthuva.

(Umawube) kenyoni idla amabele ifana nesakabuli imhlophe emaphikweni inesisila eside. Izinyanga zihloba ngezinsika zayo.

(Uphezukomkono) kenyoni ibika ukuthwasa kwehlobo, ithiner amakhoikazi ukuthi ihlobo lethwese phezukomkono.

(Isibelu) kenyoni ifumaniswa e mahlanzeni. Ithi uma ihhala ithi ngafelwa ubaba nomama umhlziyo yami intondodo.

(Umathebethebeni) kenyoni ingengo hele. Umalidumu ivama ukuwa ihlala ezinkangala.

(Intenjane) kenyoni ilala emini. Izwaka

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

706 K13 21

(17) la ikhala ebusuku. Iyezela njalo ifana nomenzela yena ovezela njalo.

(Umzwelili) Lenyoni yona incane iva ma ukufumaniswa ezihlahleni. Idla amabele.

(Umapheyana) Lenyoni inesisila eside ifumaniswa emahlathini ama khulu.

(Ifefe) Lenyoni inezwi elimnandi loku khala nayofuthi efumaniswa ema hlathini amakhulu. Inezimpaphe ezinhle zokuhlola izinsizwa nezintombi nma ziya emsidweni.

(Ihlabanyathi) Lenyoni zifumaniswa emahlathini amakhulu lapho kuvame khona izinyathi. Izinyanga zelapha ngamafutha ayo ama umu ntu enehabiya.

(Isixula) Inyoni efumaniswa emahla thini nase mahlangeni. Ayoamile ukubona kala ihlala ngokucasha.

(Idada laschlane) Lenyoni, inyoni yamanzi efumaniswa emacibisi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

706 K13/21

(18) Ubuhle Oschadlula.

1. Wo, he! lafa elakithi kwaZulu!
Lafa nobuhle balo bonke!
Lafa lasala nobunja!
2. Izwe elenkosi!
Abantu abenkosi!
Izinkomo ezenkosi!
Ukudla okwenkosi;
konke ~~okwenkosi~~;
3. Jabula we ngwane;
Jabula we Luzuthu;
Nina enizadla ngoludala.
Wafa zizi nokwakho.
Yeka kwela kithi!
4. Mabutho, mabutho,
Namthini lanina?
Khala ukomo yakwaZulu.
Ungazoze uyendawo!
Kusho aka Shaka.
5 Yeka o Klungana!
Yeka no Cetshwayo!

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

706
K13/21

(19) Yekakuba bakazi!
Yekesenza sona!
Siphelela sbonyeni.
6. Izinkomo zayo;
Zodla ukhamu bayo,
Zikhulisphele ezenkosi
Zondla ~~amasutho~~ asutho ayo;
Futhi zodla nayo.
7. Amahlathanwahle;
Nokhani okuhle;
Ukomisa okwaziwa;
Amadlelo amahle;
Nokuphila okuhle.
8. Imizimbi eyakhandwa
Amabasa ayabaziwa
Neziggiki, nezinggoko
Amacanci ayekukwa
Izinkamba zuyabunjwa
9. Ukudakwa akukho;
Ubugwala abukho,
Amapulazi nemithiho

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

20

706

K13/21

(20) Abathabathu abakho,
Intelo ayikho,
Ukudella akukho,
Ukuzenzela akukho,
10. Wo he! lafa elakithi kwazulu!
lafa nobukhe balo bonke,
lafa lasala nobunja!
11. Kwakungenyalo ku Shaka,
Kwakungenyalo ku Dingana,
Kwakungenyalo ku mpande,
Kwakungenyalo ku Cetshwayo,
Khala ukomo ka zulu:
12. Lisayobuya yini ivelenkosi?
Zisayobuya yini izinkomozenkosi?
Basayobuya yini abantu benkosi
Lwasayobuya yini ohudalana?
13 Wafa zulu akwakutho,
Kwathula izizibaziezintaba,
Wo he! lafa elakithi kwazulu!
lafa nobukhe balo bonke,
lafa lasala nobunja.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

706
K13/21

(20 Utshani.

(Uguqa) Lobutshani bufulela izindlu, benze namagqwa. Umuntu ezothena inkomo ugale ahlafune bona kugala, ukuze i ngatholi ubukhungu bakhe.

(Ikwani) kenza ~~ig~~ikwabukhwabu zokulala.

(Umhlanga) umahlanga wakha izindlu. Ezweni elisezansi kwa zulu kwa dhlangezwa wakha izin gobo. ubuye futhi wenze amagehle.

(Imbayimbanjana) Iphekwa namadu mbe ukuze abe mnandi.

(Inoide) Utshani abuhle kakhulu obunomile, bunomsa nezinkomo futhi.

(Induli) lobutshani benza izithebe zokubala.

(Incema) Incema yenza amacanu nezithebe futhi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/21
706

(22) (Imizi) yakuka izithebe zokugayela ukudla.
(Ubendle) kobutshani benza umtsha wezintombi.
(Ibuma) benza amacanu, umnyana yalo yenze izicanelo.
(Insikane) Abafana bafundisana ngayo ukuhlabana ezipini.
(Elala) kobutshani benza amahlu zo otshwala, negimbenge.
(Umthala) zimpande zawo ziya dliwa abafana umabelusile.
(Umsingizane) kobutshani bu bi kakhulu bugeda izinkomo amazinyo kulukhuni. bakha nda ngako igimbenge nemthanye lo.
(Umthethe) kobutshani buyahla ba bunamevana ahlabayo.
(Ingongodwane) Abafana benza ngako ozewebu umabelusile. bug

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

23 ngozi ezinhomeni ezingabazi. bu
hila ebusika. Ukuze izinkomo
zingafi nomazibudlile, zipbuziswa
isigaxa lesi esingaphansi.
(Incencane) Totshani obuvama u
kudlala abafana benze iziswebu
nezintambo zokugibela amathole.
(Umvithi) Umvithi wakha izindlu
welukwa izintambo, kande wakha
izindlu. nokubopha izintungo, uma
kwenziwa indlu.
(Ucwaziswazi) Lobutshani beluka
izintambo zokwakha izindlu, na
maguma.
(Inkomfe) Lobutshani beluka
izintambo zokwakha izindlu, nam
aguma, nokubopha uphahla. Aba
fana benza izintambo zokugibela
amathole.
(Ushashu) Lobutshani benza izi
ntambo zokufulela, nokwenza amra
guma.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

24 (Amadlebe) Impande zedlebe zinoi
mithi wamankonyane, umdehu
da. Abafana bangcweka ngama
hlahla amadlebe.
(Isinama) kobukhani bunumuthi
omkhulu impela uma uneulonda
ugaya amacembe awo uwanameke
esilondeni. Uma uvalekile ubu
doda ugxoba izimpande zawo uthe
le amanzi ufuthumeze ezihlo bese
uphuza.
(Ubabe) komuthi umila ubenia
meva ufana nenomfi.
(Ingongoni) kuenziwa imithanyelo
ngalobutshani.
(Isikhonko) kobukhani beluka izi
ntambo zokufulela izindlu.
(Incobosi) kobukhani beluka izi
thebe namavovo otshwala.
(Umevane) Umevane kweluka
amacanoi nezicephu ezinhle.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

25) (Umtohiki) wehuka izintambo zokuduza izindlu, nokwenza ama guma.

(Udlutshani) Izimpande zalobutshani zivumuthi wokuhlanza izinsizwa nezintombi umazipuma ubulawu.

(Ububu) Izimpande zalobutshane zivumuthi wokuhlanzela ubulawu izintombi nezinsizwa umegwebu elihle elimayo.

(Isholalenyathi) Lobutshani abokuhlanza kusetshenziswa izimpande zawo.

(Impunyu) Lomuthi owokucela ekhaya kanti futhi umuntu uyacathanga zimpande zawo.

(Icimamlilo) Lomuthi uyasiza umpela umuntu uma ecisiwe umlilo aca the ngezimpande zawo. Izinsizwa i wona muthi zikhipha ngawo izidina ngokuziggumza ngawo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

26 13/21 706

(26) (Udelumina) lomuthi awobulawu, nowo kubhupha ufufunyane. Umuntu w hlanza ngezimpande zawo.

(Icena) kona umuthi wokubethelela izulu, umuthi futhi wokwelapha i zinkukhu uma zinophenyano.

(Ikhathazo) kona umuthi wokwelapha umkhuklane. Umila ezikoshini zezi ntaba. Uma unecala umuthi ugu guda wona, enzele ukukhathaza isitha sakhe.

(Insulamovula) kona umuthi woku phonsa izintombi. nowo kuzivikela ecaleni uma uhlanza ngawo. Umu ntu liyamithetha icala.

(Amagosi) amagosi adliwa ehlobo ayagahaza, angangobo utshani abona kala ngokugahaza. Abafana badla izi mpande zawo.

(Ikhakhasi) lobutshani bunameva a hlabaya. Impande yabo yelapha amazi nyo. Iyadliwa futhi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(Izimnyoane) kobutshani izingane zi yabukha bungagakaza bese zi. bugaya zikhande ukhwala ziphuya Bufadliwa kobutshani.

(Umnyankomo) kobutshani buvama ukumila ezindaleni izinkomo nama kashi zibuthanda kabi.

(Umakhungela) kobutshani bubi bunamova amancane ahlabayo.

(Umhlosane) kobutshani bumbiwa ~~izinja~~ izimpande bese kuyadhlanzwa ngazo uma ukhipha imyongo.

(Intelezi) kobutshani izimyangazonya ngako izintelezi zokubethela ekhaya ukuvimbela umuthi.

(Umsobo) kobutshani buyadliwa kudliwa izithelo zako. Abanye ba khanda u(int) ngezithelwana zawo umsobo.

(Ushevu) kobutshani buyingozi e zinvini. Bunezithelwana, ethi nga zidla kakhulu inwu bese iyagu mba.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(Umgungulugane) kobutshani bunyadliwa, kudliwa izithelo zabo umasezivuthuwe. Abafana baqaqidlakhlanu bumila ezintabeni

(Ubukwebelezane) kobutshani bumila ezintabeni, bunezithelo ezidliwayo zivuthuwa zibe konuvu izithelo.

(Imfe yezinyoka) kobutshani bumila ezintabeni, emkhathini wamatshe nadutze nemifula. kudliwa yizinyoka.

(Umhlangazane) kobutshani bumila ezindaweni ezisundileyo. Uma ihadnoma intomo ibudlile igagazelawe phansi uma ibushelwe.

(Indlolothi) kobutshani kufuncha izinkomo ziphazisiwe umazingabazingoba uma ibudlile igagumba, ifebumila ubusika. Amakhosikazi enzangaso izintambo zokwethwala. Uma kwakhiwa indlu yesintu kuboshwangabo uphahla.

(Ubhani bamasozo) kobutshani bumila emfuleni. bukhlaza njalo njena.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

29

706

(29) Izinyoka K13/21

(Indlondlo) Lena imamba esuke isindala ieźrophaphe ekhanda. Lenyoka inolaka elubi impela.

(Inhlwathi) Lenyoka idla izinyamazane zigimba zipheka umuntu iyamuthande la impitahize. Amafutha ayo elapha izinkomo. Amafutharyo anemali eningi impela.

(Umonya) Lenyoka nayo ifana nehlwathi kodwa lona lunani kalunalaka ka lulimazi.

(Imamba) Kukhona emnyama elala emgodini inolaka ihlakaniphile kodwa yona yelulwa uchakide. Abantu bayicupha ngenkomfo uma isemgodini bayivimbela ngayo ithi iyayi luma amazinyo ayamathele enkomfeni izifo ethe mbe.

(Imamba) Kukhona enyefutli imamba ehlaza ehlala emithini inolaka kakhulu impela lenyoka.

(Umhlwazimamba) Lenyoka ayinalulaka

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(30.) nayo ihlala emithini.
(Ihobosha) kenyoka inesihlungu esikhulu impela. Iluma umuntu abole lapho imulumekhona. Uma futha ayo elapha izinkomo. ziyamu kiselwa ngawo zengawo uhlwathi.
(Inhlangwane) kenyoka yandile ka khulu izinkangala. Inolaka olu khulu impela.
(Imfezi) kenyoka ivame kwelase mahlanzeni nasezindaweni ezenile impela. kenyoka iyatshakelana. Umuntu ovuvike ubuso. Welashwa ngomulaza wenkomo.
(Umatshingeyana) kenolaka naye kodwa isihlungu sakhe siyephu za ukubulala umuntu.
(ukhokhothi) kenyoka iyafuthela na. Umuntu emfuthele ubanezi londa emzimbeni.
(Umhlangwe) kenyoka ihamba e busuku ayivamile ukubonwa u ma ibonwe kuyelashwa impela

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ekhaya ngoba kwaziwa ukuthi
imyoka yabathakathi.
(Inkambaphansi) kena imyokavenge
nawo amehlo. nayo ayivamisi
le ukukoniwa. Imyoka yabathaka
thi nayo. Uma ikeyakonwa ku
suke kukhona umihlolo ozovela.
kuyaye kwelashwe ekhaya.
(Ivuzimanzi) kena imyoka yama
nzi. kenyoka kayinasi kuba.
(Inyandezulu) kenyoka kayinalu
laka ayibulawa ngoba yilona
dlozi lelo. Uma ikonwe ekhaya
kuyathokozwa ngoba kusuke ku
zovela inhlanhla.
(Upiempethwane) kenyoka ifumaniswa
ezinkangala, ayipalo ulaka olu
khulu. Iyakhifelana.
(Umdlume) kenyoka inolaka, nayo
futhi. Ifumaniswa ezinkangala,
nase mahlanzeni. Iyakhifelana
nayofuthi.
(Umdlambiba) kenyoka ifumaniswa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ez ezintabeni. Iphila ngokudla izi
mbila. Ayinalakò.
(Inhlangwane) kenyoka iwane ezinka
ngala. Inolaka impela. Iyakhifetana.
(Inboma) kenyoka ifumaniswa emva
hlanzeni, ezindaweni ezonileyo, ilande
lana nezinyamazane ngoba iphila
ngazo.
(Umkhwazi) kena inyoka yamadloji
injenge (nyandazulu) kayinalo ulaka
lwela ifike ekhaya kuyenamwa ngo
ba yidlozi. kukhatshwe futhi.
(Umnungu) kenyoka kayibonwa uma
ivele ekhaya kusuke kukhona u
mhlola ozovela. Ithi ingabonwa kubizwo
inyanga izokwe lapha ekhaya.
Inouze) kenyoka inolaka, umbala waya
ubomvu. Ifumaniswa emahlanzeni.
(Isimbela) kena inyoka enkulu eha
mba nezulu. Umakwe ndlule yona
izulu liyagoba, lilimaze impela. Ihla
la ezizibeni ezinkulu.
(Inyoka yakafazi) kenyoka incane ayinay
ingozi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(33) Indlu yesizulu nokubizwa kwezindawozayo:- (Izilili): Indlu yakwa zulu inezinhlangothi ezimbili. Isilili somfazi nesilili sendoda. Isilili somfazi singasesandleni sokundlela esendoda ngasesandleni sokudla. Umfazi Ukahlali esililini sendoda. Kanti futhi indoda ayihlali neze esililini somfazi. Kodwa indoda uma ifuna ukho iyaya esililini sowesifazane. (Ithombe) kendawo engasililini sowesifazane yilapho kuboshelwa khona inkomane. (Umsele) kendawo isemsamo ngesililini sendoda yilapho kuhlala amagula khona. (Umgulugulu) kendawo uphakathi komyango nezika abantu kaba vumile ukuhlala kulendawo ngoba isekungeneni nala kwama: ukuhamba khona abantu aba ngebonakhomkhaya. (Isiphando) kendawo isenhla nesilili sendoda yi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

lapho kuhlala khona umkhonto
nazo zonke izihlangu zendoda.
(Amathamo) kezizindawo zingaphandle
kwendlu magondana nezililo.
(Iziko) lendawo uphakathi nendlu
uphakwe izililo yilapho kubasiwa
khona umlilo nalapho kuphekwa
khona ukudla.
(Ufindo) lendawo ingaphandle kwe
ndlu umagondana nomsamo. Izi
hambi azifanele ukuba zijwayele ku
lendawo ngoba yilapho kungconda
khona abathakathi.
(Isithumbanja) lendawo ingaphandle
kommyango eduzane namacalaoma
bili omyango kutiqwa isithumba
nja ngoba yilapho izimpisi zazi
ma khona ukuze zithumbe izi
nja ezinza ziphuma ezindlini.
(Ikhothamo) lendawo ingaphezu kho
myango. Izihambi azivumelwe neze
ukukhosha utshani kulendawo ngoba
kungase kuthakwe ngemithi embi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

yokubulala umkhaya wonkane.
(Umgibe) Indawo eyenziwa ngobu khulu ubunono enkla nezilili, uku ze kuphangekwe izempahla.
(Ithala) yakhiwe phezulu emsamo yilapho kubekwa khona ukudla okuseleyo umkhudlwa.
(Othandane) Lendawo ikhona kuzozo mbili izilili ekuzineni kwendlu. U ma izolu liduma abantu bakhosela khona bangasondeli ezikho. Nezingane akusvele zisondele eziko zokoshekela othandane uma zihleli nabadala endini. Osondela eziko okwezelayo u mililo.
(Umlindaziko) Lendawo ingaseziko ukuya emnyango. Abantwana aba vunyelwe ukuhlala kulendawo ngo ba abasoze bakhula. Indawo ema gondana nezinsika engasemnyango nengenkla kweziko. Umuntu omda la angahlala yene emlindaziko ayi owesifazane ngoba lendawo isengamulweni wezilili.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

36 706 Izinoshu zokuzila zabantu

(36) Umkhando no kwesiwasha. K13/21

Umkhando umkhuba wabantu ukudla kwakukhandwa ukuba yikhona kuzochuma kube kuniningi. Nangempela kwakwadla ukudla kanti kulungwa ngemikhono. Ukudlaputhi kwakufakwa emgqeni ezibayeni kuyizona zibulu. Kwakukhandwa kanjena, kwakubiziwa umyanga ukuba izokhanda amasonu umia ukuvumisa emasimini kwaseka konke ukudla. Ukudla kwakukhandwa ngomuntu ommyama wayebulawa beckutlathwa amafutha alawo mpunu kukhandwe ngawo. Kwakungabulawa wa umnumzane kwakubulawa umfokazana njena umia efumaniwe ehlane. Kwakuphuma amadoda ezingele umuntu ozobulawa,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(37) kuthi noma kade kuphuzwa utshwala koimuye umuzi se kuzobekwa umfokazane ozohambe yedwa ebusuku noma emini uma kunezigodi eziseithele bamumele khona bamubulala. Umuntu wayethi - angabulawa bamucwuge umafutha akhe kuthi isidumbu sakhe sonke basimbele noma basifihle ehlathini. Lekuzobiza izinyanga inikwe wona amacwoyo lawo ikhande ngawo iyiwasube neniithi yayo. Ibolo lenyanga kwakuba yinkomo. Yingako izinyanga kwakungabantu abanoithi abadumileyo kunabanye abantu. Abafokazana bona bake hlangana bake baningi ukuze bathole izinyanga zokhanda. Izinyanga yayikhanda wonke lowo muzi besithola inkomo ihambe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(38) kenkomo yokukhanda ibi
phuma ngalelo langa inga
bi-yokwoledu, sane neyoku
bethela ephuma ngalelo lang
a futhi.

Kwakuthi umkhando uma
sewenziwe ukunjwe izimbulunga
na, kube yileyo nayileyo ibe
neyayo indlo. Kembulungana
yayifakwa embewini. Yonke
imbewu yayihlanganiswa nayo
mbulungane kande ukuba
khathwe iyohlwayela ema
ziniri.

Kuzakuthi uma ukudla
sekumilile amasimini ku
thathwe izinyamazane ziyo
kushungisela emasimini. Kwa
kuye kuthi imoinqu uma ise
dize kwesiphezulu ingachumi
yona sohone. Kuniokhanu oba
bufakwa ezintangeni kuhlwa
yelwe kanye nazo ukuze zihlanze.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(39) Inganga lena yayingabizwa nimyaka yonke. kwakunye kuthi uma insimu ingase nako ukindla ibizwe kuyanga ukuzokhanda.

Ukwesiwama Ukudla okukhanidwayo kuyagulisa nxa kudliwa ngumuntu ongamenyanga - udeqina. ziamanyena kusenjalo. Ukwesiwama kona kuyizigaba ezimbili. Okunye kwakwenziwa yinkosi musukwana kudlalwa umkhosi, okunye kwenziwa imakhaya okwenkosi kwakwesabeka kakhulu impela kwakuthunyuwa abantu bayozingela indoda emnyama yezizwe. Ibulawe kubuywe nayo yhele ingabonaze ichuyiwa. Ibisi yafihlwa ingabonwa abantu kube yisifuba senkosi nezinc kuzayo nezithunywa lezo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(40) Umasekudlalwa kwakubu
thwana amabutho onke ezwe
amabutho lana ayenikwa i
nkuzi emnyama yenkomo ku
thiwe awayibulale ngezandla
angasebenzisi umkhonto. Kwa
kuthi izimaimba ziyephule i
ntanzo, bodwa eznye zisale
nayo khona lapho zifo. Kwa
kuthi ingafa zihlale esibaye
ni zilindele ukupohlwa inya
ma seyosiwe. zazigeda ukuyi
hlinza kugala.

Kwakuye kuthi izinceku
nezinduna zibase umlilo om
khulu wokhosa. Besezigubenga
kanye neyomuntu lowo obule
we yosiwe. Kuthi ingavuthwa
esiwo emabutheni ukuyidla
yayigala ngokwelashwa yombili
eyenkomo neyomuntu. Isiyadla
wa yonke neyomuntu isuke
isifana ngobu ishile umulilo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/21
706

(41) Ukudliwa kwalenyama u kulumisana yendlulisiwe ngalo. Yayingagotshwa. Nina esedli le amakutho asazogiya manyana.

Okwasemakhaya kona kwa kwenziwa ngenye indlela sekwe vuthwe ukudla emasimini sekuzodliwa ukudla okusha. Imizana emincane yona yayi hlangana, emkhulu yayiba ngayodwa ngena kokukwakuwe nzelwa ukuba abantu bangaxego amadolo nxa sebedla ukudla okusha. Oyenamunti owayegala ukushwama nokosi besekulandela bonke abantu.

Ngelanga lokoshwama kwkhiwa imfe, namabece nama selwa, afakwe embizeni enkulu axutshwe nozanhleni kuphekwe kanye kanye konke. Nyasekuvuthiwe, kugale umnumzane we

K13/21
706

(42) ewomuzi achaphune ukudla ngesinye isandla. nozamhleni ngesinye, - ashaye ngako amadolo omabili ethi: dolo, gina; dolo, gina" ashaye nasezindolwanaeni zombili nasemagcheleni esho kona loko. Ukwenzeliye lokhu ngalo ngokuhabula mkovu ijako ngezandla. ewasechhifa ngayo amalunga akhewonke.

Kuzakuthi umwakommuzane kuze imkosikazi, uma e maningi kuze kuphele wonke kande kuze izingane ngemuva kongehlo ekhaya nyabekelwa aze afike naye.

Izinsuku zokugila.-

Ukubala kwabantu babethatha izinduku bazigophe yonke imihla. njalo ntambama sebebuya emsebenzini ukuze bazazi izinsuku zabo ukuthi mahjena sezizingaka.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(43) nabesifazane abakhulelive kabe nzanjalo. konake abesifazane kabegopha uthungo lwendlu njalo ekupheleni kwenyanga; ekufeni kwayo.

Phela abantu kabengenawo amagama ezinsuku nyengana nhlanjena. Lonto ababe yazi u kuthi izolo, kuthangi, namhla, kusasa, ngomkomunye kuphela amabizo ezinyanga ayebadida kakhulu impela.

Unyaka wawugala ekwethwase ni kwehlobo uze uphele ekupheleni kobusika. Izinsuku zokuphumula nyenge sonto nomgqibelo kwakuthwa ezimnyama. kwakuye kuthi uma inyanga iphela kube khona usuku olulodwa engabonwa ngalo, ekukuthi kusa ngakusasa ibe i khwasa, entsha, igala ilubonakala. kolo suku inyanga engabona

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

44) kalanga ngalo kubiziwa ngokuthi olumnyama. Kwakuba neenkuku olukhulu lokuzila. Intombi eyogana yayingalokothi ephume ngalo, ngoba nedlela yayo iyoba mnyama, nomendo wingayohumeli. Impi yayingaphumi ngalolo suku olumnyama uma iyohlasela ngoba iyokwehlulwa. Umuntu awaye suke ezohamba waye ngaphumi ngalolu suku olumnyama ekhaya, ngoba indlela yakhe yoba mnyama. Kwakuhlonishwa kungagalwa mzebenzi ngalolu suku.

Ezinye izinsuku zokuzila ezangaminhla kufuwe. Uma kufe umuntu izihlobo zakhe zazizila ngisho nomncane umsebenzi kuze kuphele izinsuku ezintathu. Uma ezikhulu opileyo kuphele noma zimhlanu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(45) Ngeakhathi sokufa umuntu
bekuyekwa wonke umsebenzi
awenziwayo. Kubuywe nase ma
emini umasekuzwakele ukhu
thi sekuhonywe. Ucuku olula
ndelayo uncukulwamakhubalo
amakhubalo ayedliwa aba
zalo. Izihlobo ezikude zazishe
sha zazi~~ze~~. Kuzakuthi zona
zizile ngowaku bohuthola uma
biko, bagoto noma sekwandla
la izinyanga ezimingi bayo
zila umakhuphika umbiko. U
muntu awangakwenzi lokhu
waiyevelela yingozi ahuyazwe
ndipinto enane ebungafanele
ukumulimaza. Abesifazane
afelwe yingoda ubegunda isi
cholo, ahlanekele usdwabasa
khe, ahlale angagani kuze
kuphele iminyaka emithathu.
Uma kuyindoda efelwe umfazi
izakuzila izinyanga ezingathupha.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

46 K13/21 706 46*

(46) Alunye umuntu lokuzila oliwa mhla izulu liwisile. ngisho liwise into encane kuzakuthi abantu a bakhe lapho kubonakale khona icichotho bangayi emasimini, ukuyolima, nokuyohlakula. Uma liwisile kuhlonishwa umuntu benzi wasemasimini ukuze luga phindi izulu liwise. Umfebokazi akahkhumula inzila ngesikhathi kungakavunwa. Uma kungenze ka izulu lingawisa.

Ukuzila kwenziwa ngezigo di nomakhofo umuntu. Uma kufe induna kuzila isifunda sayosonke nezikhobozayo. Uma kufe inkosi kuzila bonke abantu.

End. S. 706.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.